# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1
- Tshela umngani wakho ukuthi ubonani esithombeni ngasinye, usebenzisa izithombe ezingezansi.
- Manje-ke tshela umngani wakho ukuthi yisiphi isithombe okumele sibe ngesokuqala, esesibili, esesithathu nesokugcina.
- Xoxela umngani wakho indaba ngamazwi akho.





2 Funda imibuzo utshele umngani wakho izimpendulo.

a. Yini isihloko sendaba?
b. Yiziphi izilwane ezisendabeni?
c. Izilwane zidlala miphi imidlalo eyehlukene?
d. Ucabanga ukuthi le ndaba iyiqiniso?
e. Uwathola kangaki amagama athi **"Wena ungakwazi"**?
f. Yimuphi umdlalo wena owuthanda kakhulu? Usho ngani?



4 Bhala amagama akukholamu yokuqala encwadini yakho yokusebenzela. Manje-ke bhala amagama asemgqeni ngamunye anokuvumelana nalelo gama elisekuqaleni.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| mina | sina | thina | leli | misa |
| sika | woza | fika | bika | nami |
| lola | yosa | sola | mila | zama |
| baba | vuma | mama | loba | goba |



5 Yenza ikhadi lesinye sezilwane.
Sebenzisa amagama owanikeziwe ukuqedela imisho.

| | | | |
|---|---|---|---|
| gijiima | bhukuda | funda | cula |
| khahlela | sina | phonsa | doba |

| | |
|---|---|
| ________othandekayo<br>Ngiyabona ukuthi<br>u-________kahle.<br>Wenza kahle kakhulu.<br>Nami nginga-________.<br>Livela ku-________ | Dweba isithombe. |

